**Ukukhishwa ohlwini lokubhaliswa kwamaThrasti Nokuthobela Intela**

**Tshwane, 09 kuMbasa 2026 –** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) lukhumbuza wonke amathrasti abhalise eNingizimu Afrrika ukuthi, ngokomthethonqubo wentela, kudingeka ukuba bathumele Amafomu Emininingwane Ngentela Yengeniso ngonyaka ngamunye wokuhlola. Lesi sibopho sisebenza ngisho ngabe ithrasti leyo ayizange ibambe iqhaza kwezomnotho ngalowo nyaka ofanele. Lapho ithrasti ingasasetshenziselwa lokhu eyayihloselwe khona, abaphatheli bayakhuthazwa ukuba bamise ukusebenza kwayo ngokusemthethweni ngokuya eHhovisi loMphathi Wenkantolo Ephakeme (uMphathi). Uma Umphathi Omkhulu esesikhiphile isiqinisekiso esibhaliwe sokumiswa kokusebenza kwethrasti, abaphatheli kumele bacele uSARS ukuba akhiphe ohliwini lokubhaliswa kwamathrasti ngenhloso yentela yengeniso. Le nqubo iyalekelela ekuvimbeleni ukubizwa kwezinhlawulo ezingenasidingo ezivela ngenxa yokungathobeli okuqhubekayo.

Yize uMthetho Wokulawulwa Kwempahla Yethrasti ungacacisi ngokusobala mayelana nenqubo yokukhishwa ohlwini lokubhaliswa, Umphathi Oyinhloko wakhipha umyalelo kowezi-2017 ocacisa ngenqubo okumele ilandelwe. **Okusemqoka kakhulu, abaphatheli kumele baqale bathole baphinde balungise isimo sokuthobela sentela yethrasti kwaSARS ngaphambi kokuya kuMphathi Omkhulu beyimise ukusebenza kwayo.** Abaphatheli bamelele abakhokhintela bethrasti ngokoMthetho Wentela Yengeniso kanti balindeleke ukuba baqinisekise ukuba wonke amafomu okubuyiswa kweminininingwane ngentela asilele, izinkokhelo ezingenziwe, kanye nezinye izibophezelo ezimayelana nentela kuyalungswa konke ngaphambi kokucela ukumiswa kokusebenza kwethrasti kuMphathi Omkhulu nokukhipha ohlwini lokubhaliswa kwaSARS. Kwesinye isikhathi, uSARS kungenzeka akwelete ithrasti imali ebuyayo yentela. Uma uMphathi Omkhulu eseyimisile ithrasti ukusebenza, ibe isiyeka ngokusemthethweni ukuba khona, kanjalo neHhovisi Lobuphatheli. Ezimweni ezinjena, uSARS akakwazi ukukhokhela ngokusemthethweni izimali ezibuyayo okumele ziye kuthrasti.

Ngakho-ke abaphatheli bayanxuswa ukuba benze izinto ngendlela eyiyo yokulandelana kwazo: kuqala, ukuqinisekisa nokulungisa izindaba zentela zethrasti noSARS, bese emuva kwalokho edlulela ekuyoyimiseni ukusebenza noMphathi Omkhulu. Le ndlela iqinisekisa ukuthobela iphinde ivikele abaphatheli ekungeneni ezikweletini ezingeza kubo. Lokhu kuphinda kuqinisekise ukuthi naziphi izimali ezibuyayo okumele ziye kuthrasti ziyakhokhwa ngesikhathi.

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne SarsMedia@sars.gov.za

IYAPHELA